JustTransitions

IPHEPHA LAMAQINISO LESIKHOMBISA 05

I-Climate Change Adaptation and Mitigation Plan (CCAMP) Yesigaba Sezolimo

Iyini i- **CCAMP?**

iNingizimu Afrika ingaphansi kwe-UN Framework Convention on Climate Change, kanye ne-Kyoto Protocol engaphansi kwale Ngqungquthela. Ngokusayina, uhulumeni uye wavuma ukuba negalelo oshintshweni lwesimo sezulu. Lokhu kuhlanganisa isenzo sokunciphisa imikhiqizo ye-greenhouse gas (GHG) (okubizwa ngokuthi ukudambisa), nokusekela izindlela zokumelana nesimo soguquguquko lwesimo sezulu.



Ezolimo eNingizimu Afrika zisengozini enkulu yokuguquguquka kwesimo sezulu. Futhi zinegalelo oshintshweni lwesimo sezulu ngemikhiqizo yazo. Ezolimo zingaba negalelo futhi nasezixazululweni. Zingaba usizo uma izinqubo zezolimo zingasetshenziswa.

Uhulumeni uye waqoka ezolimo njengesigaba esiphambili ekuhlelweni kokuguquguquka kwesimo sezulu ngo-:

2012 Iphepha Elihlongoza Ukuzivikela Esimweni Sokuguquguquka Kwezulu Kuzwelonke

2019 Amasu okumelana nesimo sokuguquguquka kwezulu kuzwelonke

2022 Umthethosivivinyo Wesimo Sokuguquguquka Kwezulu

Ngo-2015, i-Department of Agriculture, Forestry and Fisheries yashicilela i-Climate Change Adaptation and Mitigation Plan (CCAMP) yokuqala.[1] Kubhekwe ukuba ibuyekezwe ngemva kweminyaka emihlanu, kodwa lokhu akukenzeki.

Izingxenye eziyihloko ze-CCAMP

I-CCAMP ihlanganisa ezolimo namasimu ezokuhweba. Ibandakanya:

- Isendlalelo sokuguquguquka kwesimo sezulu nezinqumo zikahulumeni zokusabela,
- Izimo ezikhona ezingaba yingozi kwezolimo namasimu aseNingizimu Afrika,
- Imiphumela elindelekile oshintshweni lwesimo sezulu kwezolimo namasimu, kanye
- Izinyathelo zokumelana noguquguquko kanye nezinqubo zokulungisa.

1. https://www.gov.za/sites/default/files/gcis_document/201409/36063gen7.pdf

Ubungozi obukhona **kwezolimo namasimu**

Bonke abalimi babhekene nezinselele zemvelo ezifanayo eNingizimu Afrika, ezihlanganisa:

- Ukuncika nokuthembela kakhulu emanzini ukuze banisele. Ezolimo eNingizimu Afrika kakade zisebenzisa cishe u-65% wawo wonke amanzi atholakalayo.
- Izinhlekelele zemvelo, ikakhulu isomiso, izikhukhula nemililo yequbula.
- Inhlabathi embi ezindaweni eziningi, engase iphelelwe amandla ayo.
- Ukwanda kwamahlathi nezitshalo eziyingozi.
- Ukulimala kwesivuno emvuleni nenkathi yamazolo.
- Izindleko ezandayo zezindlela eziyisivikelo, ezihlanganisa umanyolo, izibulala-zinambuzane nezokuthutha.
- Amadlelo asebungozini ngokwemvelo nangokwezomnotho.

Kodwa abalimi nemiphakathi ehlukahlukene babhekana nemiphumela ngezindlela ezingafani, ngenxa yamazinga angalingani olwazi nezinsiza zokusabela. Imiphakathi yasemaphandleni engenazo izinsiza, izindawo zemijondolo, abalimi abancane, nabesifazane abansundu basebungozini obukhulu.

Imiphumela elindelekile **yokuguquguquka kwesimo sezulu**

I-CCAMP ibonisa imiphumela elindelekile yokuguquguquka kwesimo sezulu kwezolimo namasimu ezohwebo.

Kubalulekile ukuphawula ukuthi lezi yizindawo ezivamile zezwe. Kodwa indawo ngayinye izoba nezimo zayo. Lokhu kusho ukuthi ukuhlaziywa kwemiphumela nobungozi kuyadingeka, futhi izenzo kumelwe zihambisane nendawo.

Izinga lokushisa nemvula angamaphuzu abalulekile kunazo zonke kwezolimo. eNingizimu Afrika, imiphumela kulindeleke ukuba kube yile:

- Izimo ezishisa kakhulu nezomile ezindaweni eziningana zezwe, ikakhulu entshonalanga (eNyakatho naseNtshonalanga Kapa). Kulindeleke ukwenyuka kwamazinga okushisa okungaba ngu-3.5°C phakathi neminyaka engu-40 elandelayo.
- Ukukhuphuka kwamathuba emvula ikakhulu entshonalanga nasenyakatho yezwe.
- Izimo kulindeleke ukuba zibe nemvula kakhudlwana empumalanga, ikakhulu ezindaweni ezinezintaba zaKwaZulu-Natal naseMpumalanga Kapa.
- Ukwanda enanini nobukhulu bezigameko zesimo sezulu esiyingozi, njengesomiso, izikhukhula, izinkathi ezishisa ngokweqile, nemililo yequbula.

Iphepha leqiniso lesi-4 liyahlinzeka imininingwane eyengeziwe emiphumeleni elindelekile yokuguquguquka kwesimo sezulu kwezolimo nakusistimu yokudla.

Ukumelana nesimo soguquguquko nesimo

I-CCAMP iphakamisa/ igqugquzela izinqubo eziningi ezihlukahlukene zezinqubo eziwusizo zokulima zokumelana nesimo soguquguquko kwezulu nesimo. Izibonelo ezinikezwe ku-CCAMP zihlanganisa ukungahlakuli noma ukungaphazamisi inhlabathi, ukwemboza inhlabathi unomphela (ngokwesibonelo nge-mulching noma ukwemboza izitshalo), ukutshala izinhlobo ezimbili zesivuno, ukukhiqiza isivuno nemfuyo kanyekanye, isivuno esiyizinhlobonhlobo, ukusebenzisa izinhlobo zakuleli kakhudlwana, nokuqongelela amanzi emvula.

I-CCAMP isebenzisa i-Climate Smart Agriculture (CSA) ne-Conservation Agriculture njengokomgomo, kodwa izinqubo eziningi ezigqugquzelwayo nazo zihambisana nokulima okuvumelana nemvelo (agroecology). Kodwa i-CCAMP ayihlanganisi noma yini ezinguqukweni zezenhlalo nezomnotho eziyingxenye enkulu yokulima okuvumelana nemvelo.

Iphepha leqiniso lesi-6 liyahlinzeka imininingwane eyengeziwe ezindleleni ezisetshenziswa kusistimu yokudla, kanye nokulima okuvumelana nemvelo njengengxenye yesixazululo.

Ukunciphisa ubungozi

Ukunciphisa imikhiqizo ye-GHG kuyingxenye ebalulekile yokubhekana nokuguquguquka kwesimo sezulu. Imininingwane ye-CCAMP ingxile kwezolimo namasimu ezohwebo kuphela. Ayihlanganisi imikhiqizo yezinye izingxenye zesistimu yokudla.

I-CCAMP ibonisa ukuthi imithombo yemikhiqizo kwezolimo ivela:

- Emfuyweni (izinqubo zokugaya ukudla namagesi akhishwayo, ikakhulu ezinkomeni)
- Ushintsho ekusetshenziswa kwezwe (ikakhulu endaweni enotshani/ amahlathi kwezolimo)
- Ukuhlakula inhlabathi ngemishini emikhulu
- Ukushiswa kwezinhlanga nezibi (njengamasimu omoba ngemva kokuvunwa)
- Ukusetshenziswa kwamalahle nemishini yezolimo

I-CCAMP ithi:

- AKUNCISHISWE imikhiqizo ye-GHG
- AKUBUYEKEZWE inqubomgomo yezolimo ukuze kufakwe izenzo zokunciphisa ubungozi

Nakhu okwenziwa ye-CCAMP

Ngamafuphi i-CCAMP inikeza imininingwane, ukuhlaziya kanye namaqhinga kodwa lemininingwane ayikuvezi konke.

1. Imodeli yokulima

Ukulima kwezohwebo ngezinga elikhulu kubhekwa njengento evamile. I-CCAMP ayinayo imininingwane eyihlaziyi ukulima kwezohwebo, kodwa ilindele ukuba imakethe ixazulule ukuguquguquka kwesimo sezulu. Awekho amathagethi aqondile okunciphisa imikhiqizo yamagesi.

Ukulima kwezinga elincane kubonakala kungenakusebenza, futhi ukuguquguquka kwesimo sezulu kuzokwenza kube kubi nakakhulu. I-CCAMP isikisela ukuthi amapulazi kumelwe akhuliswe ukuze asinde. Kubonakala sengathi isola imfuyo kawonk'uwonke nabalimi bamasimu amancane nokuwohloka kwemvelo.

Ukuguquguquka kwesimo sezulu alulona usongo kubalimi abancane. Kodwa abalimi abancane basemqoka ezinguqukweni ezikahle. Umkhiqizo wokulima okuvumelana nemvelo kuyingxenye ebalulekile yesixazululo. I-CCAMP ayikwazi lokhu.

2. Umgomo osunguliwe

Umgomo we-CCAMP yi-Climate Smart Agriculture (CSA). Izinsika ze-CSA yilezi:

i) umkhiqizo neholo elandayo,

ii) ukuthuthukisa ukuqina kwendlela yokuziphilisa kwamakhaya nemvelo, kanye

iii) nokukhipha imikhiqizo ye-GHG nokushaqwa kwesikhutha okuqhubekayo.

Lezi zindlela zibanzi, futhi zingasingathwa ngezindlela eziningi ezihlukahlukene, njengokulima okuvumelana nemvelo kanye nokunciphisa kwezinkampani ekusebenziseni amagesi. I-CSA ayihlongozi ushintsho olukhulu esimweni noma ekulawulweni kwezindlela zokukhiqiza ukudla.

Inguquko efanele nokulima okuvumelana nemvelo kuyimigomo enamandla kakhulu. Kuhlanganisa indawo ezungezile, ezenhlalo nezomnotho. Le ithuthukisa amalungelo abantu okuthola isivuno kanye nokulima okuvumelana nemvelo.

3. Imikhiqizo yamagesi nokuyinciphisa

I-CCAMP ithi ezolimo zikhiqiza u-5% kuphela wayo yonke imikhiqizo yamagesi eNingizimu Afrika. Kodwa lesi sibalo sisekelwe ekukhishweni kokugcinwa kwesikhutha esikhulukazi emasimini nasemadlelweni. Lokhu kunika isithombe esingelona iqiniso samagesi akhiqizwa kwezolimo.

Isibalo se-CCAMP asiwahlanganisi futhi namagesi akhiqizwa kuzindlela zonke zokukhiqizwa kokudla, njengokukhiqiza nokusebenzisa umanyolo, ugesi nezokuthutha, ukwakha imikhiqizo, ukulahla udoti nokunye. Uma lokhu kunezelwa, amagesi akhiqizwa izindlela zokukhiqizwa kokudla ayanyuka abe cishe ngu-18% wengqikithi eNingizimu Afrika.

Okuphokophelelwe ukunciphisa ukukhiqizwa kwamagesi kufanele kuhlelelwe isigaba sezolimo zokuhweba (kanye nazozonke izindlela zokukhiqizwa kokudla), kungakhathaliseki ukuthi 'imakethe' iyafuna noma cha.

4. Umsebenzi we-CCAMP

I-CCAMP ibheka kuphela ezolimo namasimu. Kodwa eqinisweni, lezi zigaba zihlobene ngokuqinile nazozonke izindlela zokukhiqizwa kokudla, ukudoba, izinto eziphilayo, umhlaba, namanzi. Kunesidingo sokuxhumana okuphumelelayo kweminyango ukuze kuhlelwe ngokubambisana kulezi zigaba.

I-CCAMP ikhomba ekubalulekeni kokubambisana kwemikhiqizo yezolimo ekuhleleni nasekuphatheni umhlaba wonkana nezinto eziphilayo. Kodwa kudingeka imininingwane eyengeziwe endleleni lokhu okungenziwa ngayo, okuhlanganisa ukubaluleka kwezinqubo zokubamba iqhaza.

Abalimi abancane nabemizi, izisebenzi, namaqembu ezenhlalo kumelwe bahlanganise amakhanda ukuze i-CCAMP isabele ezimfunweni nasezidingweni zabo.

Ikhasi Lesibili Eliqukethe Amaphuzu Ayiqiniso linikeza imininingwane eyengeziwe ngesistimu yokudla, kanti Iphepha Lamaqiniso 3 linikeza imininingwane eyengeziwe ngamagesi akhiqizwa ezindleleni zokukhiqizwa kokudla.